



UNKK NOMAGUGU SIMELANE
UNGQONGQOSHE WEZEMPILO

SESISEBENZISE IMIGOMO ENGAPHEZU KUKA 5 MILLION YE-COVID - 19 E-KZN!!!



SIYABONGA kubo bonke asebezitholele umjovo wokuphepha kukhuvethe

AWUQHUBEKE UMSHIKASHIKA!!!

Sithanda ukuzwakalisa ukubonga okukhulu kubo bonke abantu baKwaZulu-Natal abasithathele phezulu isicelo sethu sokuthi beze bazogonyelwa igciwane i-COVID-19.

Ngenxa yeqhaza labo, ngesonto eledlule sifinyelele kwingqophamlando lapho sesinomthamo oyizigidi ezinhlanu zomgomo we-COVID-19 esiwunike abantu baKwaZulu-Natal.

Njengamanje, sesigome ngokuphelele abantu abangu -2 677 877 (abanye babo bagome kabili); kuyilapho abangu-349 696 besazobuya ukuze bathole umgomo wabo wesibili.

Abanye ababalelwa ku-289 859 bathole imigomo yabo yokwandisa amandla amasosha omzimba (booster shots), kanti abangu-2, 388 million basazovela ukuze bathole imigomo yabo yokuqinisa amandla.

Nokho sisakhathazekile ngezigidi ezingu-4, 192 ekubalelwa abaneminyaka ewu-28 nangaphezulu abangazange bagome ngisho nakanye nje.

Sifisa ukubaxusa ukuthi bacabangele ubungozi obungaba khona abazifaka kubo nabathandiweyo babo ngokungagomi.

Siyabaxusa ukuthi bakhumbule ukuthi abantu abangomile banamathuba amaningi okuthi bangenwe yi-COVID-19, futhi basengozini enkulu yokuthetheleka kanzima, okungase kudinga ukuthi balaliswe esibhedlela.

Basengozini enkulu kakhulu yokufa ngenxa yesifo uma kuqhathaniswa nabantu abagonyiwe, futhi basebungozini obukhulu lapho bengatheleleka kakhulu bagule isikhathi eside.

Maningi amathuba okuthi bathelele abanye ngenxa yokungagomi kwabo.

Ukutholakala kwemigomo ye-COVID - 19 kube yigxathu elikhulu ekulekeleleni ukusindisa impilo kanye nokumelana naleli gciwane elibulalayo.

Okudabukisayo nokho yilokhu kwezinkoleloze eziningi - ikakhulukazi ukusatshalaliswa kwezinto ezingamanga nezidukisayo ku-inthanethi - okwenza abantu babe manqikanqika ngokugoma.

Ngeshwa, lamahebezi angelona iqiniso athole indawo evundile ezinhliziyweni nasezingqondweni zabanye abantu, kuhlangukise nezinkulamo ezingamanga ezithi ukugomela i-COVID-19 kuyinhloso eyasungulwa ukubulala abantu abamnyama; nokuthi umgomo kuhloswe ngawo ukulawula umuntu ngobuchwepheshe be-5G.

Kukhona nabahubhuza amampunge ngokuthi umgomo wenza umuntu wesilisa abe buthakathaka enkonzweni zasemakelweni; baphinde bathi umgomo uvala inzalo kwabesifazane - konke lokhu kuqhelelene kakhulu neqiniso.

Sifisa ukuqinisekisa bonke abantu bakuleli ukuthi imigomo ye-COVID-19 yahlolwa ngokunzulu ngokwesayensi ukukhombisa ukuthi, ngempela, iphephile. Ososayensi basebenze ngokubambisana okungakaze kubonwe, okuvumele ucwaningo, ukuthuthukiswa, kanye nokugunyazwa ukuthi kuqedwe ngesikhathi esifanele ukuhlangabezana nesidingo esiphuthumayo sale migomo ngenkathi kugcinwa amazinga aphezulu okuphepha.

Njengesifundazwe, sizoqhubeka nokusebenza kanzima ukwakha ubudlelwano nemiphakathi, ikakhulukazi leyo esezindaweni zasemakhaya nasemalokishini.

Sizoqhubeka nokubakhuthaza ukuthi bagome, futhi bagqoke izimfonyo, bahlale ngokuqhelelana, bageze izandla ngamanzi nensipho noma nge-sanitizer. Ukwenza lokhu, kanye nokugomela i-COVID - 19, kuseyikho kuphela okuyisisombululo sokumelana nalesi sifo esiwumbulalazwe, futhi esesicekele phansi umhlaba, saguqula nendlela ebekuphilwa ngayo phambilini.




GOMA
UVIKELEKE
KWI COVID-19



GQOKA
ISIFONYO



GEZA IZANDLA
NGENSIPHO
NOMA
NGE-SANITISER



GWEMA
UKUBA
SEZIXUKWINI



KWAZULU-NATAL PROVINCE
HEALTH
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

